**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES MCHUNU EMCIMBINI WOKUGCOBA UMKHANDLU WASEMTSHEZI MHLAKA 02 JULY 2011.**

Mphathi wohlelo;
Amakhosi aseNdlunkulu akhona;
IziNduna zamaKhosi ezikhona;
Amalungu esiShayamthetho akhona;
IMeya yaseMtshezi;
Amakhansela wonke;
Izimenywa ezahlukene;
Abezindaba;
Ngiyanibingelela nonke;

Usuku lwanamhlanje lusho ukuvuleka kwekhasi elisha emlandweni waseMtshezi, ikhasi sonke ebesilokhu silibhekile ukuthi liyovuleka nini. Lesi yisikhathi sokuthi noma ngabe siqhamukaphi ngokwepolitiki, kodwa sisho sonke sithi siya phambili asisabuyeli emuva lapha eMtshezi.

Kuyaziwa phela ukuthi indawo yalapha eMtshezi isibe yisilonda esiwuzozo isikhathi eside kithina njengoHulumeni nanjenge-ANC esifundazweni, ngenxa yodlame oseludlule nezimpilo zabantu abaningi kule minyaka edlule.

Isimo futhi sithande ukuba sibi kakhulu ngenkathi sibheke okhethweni lohulumeni basekhaya lapho sibone kuma nse ukulethwa kwezidingo zomphakathi ngenxa yalokho ebesikholwa ngukuthi yizimpi zangaphakthi zeqembu lezepolitiki.

Ngakho-ke njengoba siqala ikhasi elisha nje manje, egameni likaHulumeni waKwaZulu-Natal nobuholi be-ANC esifundazweni, sithanda ukunihalalisela nonke nina enikhethelwe ukuba ngamakhansela.
Siyazi ukuthi lona akuwona umsebenzi olula. Sekuyinina ithemba labantu benu bonke, labo abanivotele nalabo abanganivotelanga.

Kodwa futhi ngokufanayo kubalulekile ukuthi ngithathe leli thuba ngihalalisele abantu baseMtshezi ngokuphuma ngobuningi benu niyovota. Okusempeleni nisimangazile sonke. Ngisho ngoba, njengoba sengike ngaveza, ngaphambi kokhetho lapha sibone izehlakalo ebezidala ungabazane lokuthi kuzokuba nokhetho olunokuthula, olukhululekile nolungachemile kule ndawo.

Ngenxa yalezi zehlakalo, indawo yaseMtshezi kanye nezinye esifundazweni zahlonzwa njengezidinga ukungenelelwa yikomidi lamaqembu epolitiki ehlukene elisungulwe nguNdunankulu uDkt Zweli Mkhize, ukukhuthaza ukubekezelelana kwezepolitiki nokulungiselela ukhetho olunokuthula, olukhululekile nolungachemile.

Kulokho, ngithanda ukudlulisa ukubonga kwami kuwo wonke amaqembu epolitiki abengenele ukhetho kule ndawo ngokuzibophezela kwawo ekusebenzeleni uxolo, ukubekezelelana kwezepolitiki nokukhuthaza inkululeko yokwenza imicimbi yezepolitiki ngaphambi kokhetho, nangesikhathi luqhubeka kuze kube yimanje.

UMtshezi ungomunye womasipala abangakwazanga ukuba neqembu eliwina udede kulolu khetho esiphuma kulona, okuyinto eholele ekutheni i-ANC ne-NFP bakhe isivumelwano sokusebenzisana ekubuseni labo masipala.

Ngifisa ukuphinda ngigcizelele engikushilo nangenkathi kugcotshwa umkhandlu wesifunda uThukela emasontweni amabili edlule, ukuthi lesi yisivumelwano sokubambisana ekuphatheni kuphela. I-ANC ayinanhloso yokugwinya i-NFP. Njengoba kuyithina esikhuthaza ukuba nomphakathi wentando yeningi, siyakuhlonipha ukubakhona kwe-NFP njengeqembu lepolitiki elizimele.

Sifisa ukuthi loku kubambisana kuthathwe njengegxathu lokwenza ngcono uhlelo lokulethwa kwezidingo kubantu baKwaZulu-Natal, kuhlanganisa noMtshezi. Esikubheke kakhulu kulolu bambiswano ngukuqinisekisa ukuthi siletha intuthuko yamanzi, ugesi nokuthuthwa kwendle kubantu bakithi okade bayilindela.

Ngike ngaxwayisa naphambilini njengoba namanje ngisafuna ukuxwayisa wonke amakhansela ethu lapha ukuthi angalinge asebenzise lesi sivumelwano ukuvimbela abanye ukuba bazwakalise imibono yabo. Noma yiliphi elinye iqembu lepolitiki elimelwe lapha kumele likwazi ukubeka uvo lwalo ngezinto ezithinta lo masipala nabantu laphaya phansi, ngaphandle kokwesaba

UMeya nesigungu sakhe kuzomele bangakhiphi inyumbazane abanye abantu ngoba bengabavotelanga. Lokho kuphambene nezimiso zentando yeningi. Uma usuhola usuke usuhola wonke umuntu. Asifuni ukubona indawo ka ‘thina’ isithathwa ngu ‘mina’ lapha emakhanseleni. Umgomo kahulumeni uthi abantu kuqala.

Sifuna ukubona umasipala wenu usebenzisana ngokucacile nohulumeni wesifundazwe ukuqinisekisa ukuthi izinto ezinhlanu ezibekwe eqhulwini nguMongameli wethu uMnuz Jacob Zuma zenzeka ngendlela efanele. Kusuka manje kuya phambili, masibambane ngezandla senze konke okungamasu ahlelwayo kubonakale kwenzeka. Masiqinisekise ukuthi zonke izinhlelo zikaHulumeni ziyafinyelela emiphakathini emazingeni aphansi.

Silindele ukubona nina njengamakhansela niba nabantu lapho behlala khona. Abantu abanikhethelanga ukuba nithuthe niyohlala ezindaweni zikanokusho ezikude nabo. Bafuna ukunibona noma ngabe liyana noma libalele. Ikhansela le-ANC kulindeleke ukuba lihlangane nomphakathi okungenani kabili ngenyanga ukuze lichaze ngomsebenzi eseliwenzile.

Ukubika kubantu kubalulekile noma ngabe awukwazanga ukwenza lokho abakucelile. Hhayi indaba yokunyamalala nje. Sifuna kube nalokho kuvuleleka nokuchaza okucacile.

NgoLwesithathu uMcwaningi Jikelele wamabhuku uTerrence Nombembe udalule umbiko wakhe mayelana nokusebenza kohulumeni basekhaya, oveze ukuthi komasipala abangu-237 bayisikhombisa kuphela abatholwe bengenacashaza ngonyaka wezimali ka-2009/10. Lesi sibalo sibe sibi kakhulu nakuba sikuthokozela ukuveza kwakhe ukuthi omasipala baKwaZulu-Natal bakhombise ukuphucula indlela abasebenza ngayo.

Yingakho-ke nalapha sinxusa amakhansela ukuba angakhohlwa wumsebenzi wawo wokubheka ukusebenza kukamasipala. Kumele nizibophezele ekuphatheni umasipala ongenayo inkohlakalo. Labo abantshontsha imali yabakhokhi bentela kumele kubhekwane nabo kanzima.

Ngaphambi kokuba ngiphethe, ngifuna ukubuyela odabeni lokubekezelelana kwezepolitiki lapha. Emhlanganweni esibe nawo wokubuyekeza ukusebenza kwekomoti lamaqembu ehlukene, sivumelene ngokuthi nakuba sekudlule ukhetho kodwa kumele liqhubeke ikomiti lilungiselele ukhetho lukazwelonke ngo-2014. Kumele sikhumbule futhi ukuthi ngesikhathi sokusebenza kwemikhandlu, kuzolokhu kuba nezinketho zokuchibiyela lapha nalaphaya okuzodinga silokhu siqapha isimo.

Ngaphambi nje kancane kokhetho sibe nokhukhulela ngoqo womkhuleko eGreytown obuhanjelwe ngamalungu amaqembu epolitiki ehlukene abalelwa ku-7000. Kube yingqophamlando lokhu njengoba abantu bebefika begqoke izinto zezinhlangano zabo becula bedansa ndawonye ngaphandle kokucwasana.

Ikomiti-ke libe selinquma ukuthi libize le mikhuleko nakwezinye izindawo ebezihlonzwe njengezidinga ukungenelela kwalo, okuzoqala khona lapha eMtshezi/Mbabazane.

Okokugcina, sesinethemba-ke manje ukuthi leli qhinga lethu lokukhuthaza ukubambisana nokuxoxisana ngokuthula lizoholela esimweni esonokuthula kwaphakade kule ndawo.

Ngempela sekuyisikhathi sokuba sisho sonke sithi siya phambili manje, asibuyeli nangephutha emuva.

Umzabalazo uyaqhubeka! Aluta continue!

Ngiyabonga